

*Mnu AS Simelane | USihlalo WoMkhandlu
Private Bag x3015 | Randburg 2125, South Africa
Tel: +27 12 429 2554 (Secretary of Council) | Email: sakhis@unisa.ac.za
www.unisa.ac.za*

**MNU S SIMELANE, USIHLALO
WOMKHANDLU**

**INYUVESI YASENINGIZIMU
AFRIKA**

UMYALEZO WOKUHALALISELA

**USUKU LOKUGUBHA IMINYAKA EYI-145
I-UNISA YABA KHONA**

**E-ZK MATTHEWS GREAT HALL, MUCKLENEUK
CAMPUS**

**4 NTULIKAZI
(JULY) 2018**

***INyuvesi yase-Afrika ebumba ikusasa ngokuhlinzeka okudingwa
ngabantu***

Ngiyabonga Mphathi Wohlelo

Zihambeli ezihloniphekileyo, makhosazane
namakhosana

Kungezikhathi ezinjengalezi, uma isikhungo sigubha iminyaka eyi-145,
okuthi thina esesiyingxenye yaso siziqhenye ukuthi impela sihola isikhungo
esihloliwe sezemfundo nobuhlakani, esiqhubekayo nokuphefumula,

nokuphila, nokubumba ikusasa kanye nokuhlinzeka usizo kubantu. Impela kwenza ngizizwe nginokuzithoba kodwa futhi ngizwa kuthi cosololo kimi ukuzithola ngiyingxenye yemigubho yeminyaka eyi-145 i-Unisa yaba khona.

Ngifikelwa ukuzithoba uma ngibona ukubaluleka komgubho wethu weminyaka eyi-145 njengoba uhambisana nekhuluminyaka lokuzalwa kuka-Nelson Mandela; owagogoda e-Unisa. Ukuhlonipha impilo negalelofa likaMadiba, kulandela ukuba nezimpande zethu eNingizimu Afrika kanye nakwizwekazi lase-Afrika, sifuna ukugubha iminyaka eyi-145 ngokuphinda sigcizelele umyalezo wosuku olwaziwa ngokuthi yiNelson Mandela Day, ukuthi ngisho ngabe isenzo sakho sincane kangakanani, bhiyoza ngokushintsha isimo somhlaba sibe ngcono, njengoba uNelson Mandela wayenza lokho zonke izinsuku.

Angingabazi engqondweni yami ukuthi leli gxathu leminyaka eyi-145 egujwa yi-Unisa namhlanje lidala ukuba kubuyekezeke umsuka, izilingo, izinhlupheko, injabulo kanye nokuvuka phansi esiphuma kukona.

I-Unisa iyingxenye yalolu hambo olude lomqondo wenyuvesi ngokujwayelekile. Ngifisa ukugcizelela ukuthi amanyuvesi ayingxenye yalezo zikhungo ezibalulekile ezakhiwe ngabantu nahlale ebhekiwe futhi egxekwa, yize kungekho ofisayo ukuthi ngabe awakaze abe khona. Amanyuvesi, njengazo zonke ezinye izikhungo ezibalulekile ezakhiwa abantu, nawo ahlale ebhekene nobungozi boku"banjwa ngogovane" yizinto ezithize—kusukela kokuphathelene nemali yokuqhuba umsebenzi kuya kokuphathelene nombuso. Umphakathi nawo kanye nabafundi, bafuna "ukuwabamba ngogovane" amanyuvesi.

Kanjalo, yize inyuvesi kumele ibhekane nezidingo zalabo okubanjiswene

nabo abehlukahlukene, kumele iphinde igweme ukwenza njengophephela wesimo sezulu ophenduka ngaso sonke isikhathi uma kushaya umoya ophephulayo. Kunezikhathi lapho amanyuvesi kumele ahole khona ezindabeni ezidingidwayo emphakathini, okuncike ekwandeni kocwaningo oluyingqalizivele kodwa futhi ebe eqhubeka nokulalela amaqoqo ahlukahlukene.

Impela kungenxa yalokho ukuthi i-Unisa izinikele ekufezeni izidingo zabantu zesikhungo semfundo ephakeme esivulelekile, esaziwa phecelezi ngokuthi yi-*open distance e-learning* (i-ODEL) esikhathini samanje. Kulabo umbuso wobandlululo owabenza kwangathi bayingozi, bangabaketulimbuso futhi yabafaka ematilongweni ayengadumanga kahle afana no-Robben Island— i-Unisa yabagona yabenza abafundi nabantu yahlinzekela ukulangazelela kwabo ulwazi nemfundo. Asiyihalalisele i-Unisa ngalo msebenzi oncomekayo. Siyathembisa ukuthi sizoqhubeka nokunakekela, nokubhekana nokumele sibhekane nakho nokuba wusizo ebantwini.

Impela i-Unisa iyiyo inyuvesi enkulukazi eziqhenyayo ngokuba yikhaya labafundi abangaphezu kwe-350 000. Siyaziqhenya ngokuba ngabadlali bendima enkulu ekwandiseni injongo yokuba kuvulelekele abafundi abaningi. Sibone ukwanda okuthokozisayo esimweni sokwahlukahlukana kwabafundi esinabo. Siyaqhubeka nokuheha inani labafundi abaqhamuka ezingeni lezemfundo elimaphakathi abafuna uhlobo lwemfundo ephakeme engabizi kakhulu nokufinyeleleka kalula kuyo. Phezu kwalokho, sesibone

ukwanda enanini labafundi abangaqashiwe ababheka amathuba emfundo angcono. Lokhu kuphendlela i-Unisa kanye nohulumeni wethu indlela ukuze bacabange ngezingqinamba ezidalwa yilokhu.

NjengoMkhandlu, sisebenza kakhulu neSigungu Esiphezulu SeNyuvesi (i-Senate) kanye nabaphathi be-Unisa, sizimisele ukwenza ukuba lesi sikhungo esikhulukazi semfundo ephakeme siphile futhi siphile kahle sibe senza lokho esijutshwe ukuba sikwenze. Sithembisa ukuqinisekisa ukuthi:

- imisebenzinhloso yethu yobuhlakani neyezemfundo ingeyezinga eliphezulu futhi ihambisana nokwenzeka esikhathini samanje
- abafundi bethu baba nesipiliyoni sokusebenza kahle kakhulu ekwethuleni izidingo futhi banokuziqhenya okungapheli ngokuba se-Unisa
- siyashintshashintsha futhi sihlale sizihlolisisa njalo ngenjongo yokuletha uguquko, ukuqamba izinto ezintsha kanye nokuvuleleka ekuhloleni izindlela ezintsha zokwazi, ukwakhiwa kwemiqondongqangi emisha yobukhona bezinto kanye nokuqonda okusha maqondana nokuphatha kanye namandla okuphatha.

Ngqongqoshe, kumele ngisho ukuthi thina lapha e-Unisa, izingqinamba ezihlasele umkhakha wezemfundo ephakeme eNingizimu Afrika asizithathi kancane, azizimbi kangako ukuthi sesingaze sithi kuyaphela ngenyuvesi.

Cha, impela akunjalo; sizithatha njengezingqinamba ezisetshenziswa ukubheka ukuthi singazimela yini kanti futhi sizemukela njengethuba lokufeza ukwakhiwa kabusha kwesikhungo sethu esinedumela elikhulu.

Siyisikhungo esizinikele ekulandeleni usiko lobu-Afrika sibe sincintisana

ngokwezinga lomhlaba wonke. Kungenzeka ukuthi siyisikhungo sokuqala semfundo ephakeme lapha eNingizimu Afrika esingazange sithuke uma kuvuka udaba lokukhululwa kwamanyuvesi ekuncikeni kwawo ezintweni ezingenabu-Afrika nolokubuyela kokuhambisana nobu-Afrika. Yingakho siziqhenya ngokuba yikhaya lohlelo lwaminyaka yonke olwaziwa nge-*Annual Decoloniality Summer School* olwahlukile kwezinye nolwaba khona ngaphambi kwezinhlangano ze-*Rhodes Must Fall* ne-*Fees Must Fall*— ngoba imibuzo ephathelene nobulungiswa kwezenhlalo kade yaqala ukusihlupha.

Ngo-2016, i-Unisa yaqala umshikashika woguquko owaphetha ngokuba kube khona umhlangano i-*Council Transformation Workshop* ngoNcwaba (August) 2017 owawubandakanye bonke okubanjiswene nabo kokuphathelene ne-Unisa. Uguquko luyinto ephezulu ohlwini lwethu lwezinto ezizokwenziwa. Sidwebe uhlaka oluveza isibindi, ukuzinikela kanye nokuzimisela kwe-Unisa ekubhekaneni nemuva ebelikhungathwe izinkinga kanye nekusasa elingacacile. Ngenkathi senza lokhu, sithola isibindi ekwazini ukuthi izikhungo zethu zocwaningo ezilandela umgomo wokuhlanganyela kwama-Afrika (okuyiPan-African) zikhuthaza ukuqalisa kwethu ukusebenzisa amasu, izinhlelo nezinqubomgomo ze-Unisa.

Anginakungabaza engqondweni yami ukuthi uma siqhubeka nokwenza lokho esinentshisekelo kukho njengomndeni wase-Unisa ukuze siqhube umsebenzinhloso wolwazi futhi senze ngcono ekusizeni abafundi, akukho okungasivimba. Umgubho weminyaka eyi-145 i-Unisa yaba khona

uzosivumela ukuba sizinikele kabusha ekwakheni usiko lokuthanda kakhulu lokho i-Unisa ekumele, bese kuthi ngenkathi senza lokho, sakhe inyuvesi eyenza kahle kakhulu, encike kakhulu ekuhlinzekeni izidingo nasekwaziseni abantu.

Ake ngiphinde ngithathe leli thuba ngibonge kwababehola lesi sikhungo kudala (amalungu oMkhandlu, amaShansela namaSekela-Shansela) kanye nobuholi bamanje ngokwenza umsebenzi omuhle kanje. Izinhlelo nezindlela zokwenza zazingeke zivele zibe khona nje mahlayeni.

Angivale ngokuphinde ngigcizelele amazwi eSekela-Shansela ngenkathi kuVulwa Isikhungo Ngokusemthethweni ekuqaleni konyaka we-2018 wokufunda ngoNhlolanja (February) lapho lathi khona: “U-2018 ungunyaka wethu wokuqalisa ngamandla abukhali ukusebenzisa izinhlelo nezinqubomgomo okuvunyelwene ngazo”. Impela ngiyavumalana naye. Egameni labase-Unisa, ama-*“Unisans”* nokubanjiswene nabo abakhona lapha, hlanganyelani nami ekufiseleni i-Unisa usuku oluhle lokugubha iminyaka eyi-145!

Ngiyabonga